# HILLCREST HIGH SCHOOL

HILLCREST HIGH SCHOOL

**UKUHLOLA OKUQASHELWE**

## IBANGA LE-11

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)
## UKUHLOLA KUKANHLANGULANA 2022

**IMIKLOMELO: 80** **ISIKHATHI: 2 AMAHORA**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Dwebela umugqa ephepheni esandleni sakho sokudla
3. Phendula YONKE imibuzo.
4. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
5. Bhala ngesandla esifundekayo nesibonakalayo.
6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu ngasinye
7. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezibhalwe ngayo ungazishintshi.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UTHANDO LUNGAKUMANGAZA!

**1** Uthando yinto emnandi futhi efiswa ngumuntu wonke. Akekho ongathandi Ukuthandwa yingakho luyintandokazi kuwo wonke umuntu. Abantu bachitha isikhathi esiningi bethungatha uthando, balufuna ngezindlela ezahlukene futhi nasezindaweni ezahlukene. Kukhona nalabo okungaphuma ngisho umphefumulo inqobo uma bethole uthando. Abanye bayaphumelela ekucingeni kwabo abanye **babuya belambatha**. Kuba yinkinga kakhulu kumuntu ukuba neshwa kwezothando ngoba uba muncu kube sengathi udle inhlaba. Emandulo sakhula sazi ukuthi **intombi ayidlulwa** ngakho belu ngoba abadala babeqonda ubuhlungu bokungathandwa. Phela akumandi ukuba ngumgodi onganukwanja.

**2** Insizwa yayiyilandela intombi ngesineke ngisho iminyaka eyevile kweyisihlanu Ngethemba lokuthi kuyogcina kulungile. Phela kwakuyihlazo ukuqoma kwentombi masinyane ngoba kwakusho ukungabi nasimilo futhi kuyehlisa isithunzi sayo ezinsizweni. Abazi isilungu bathi **'***easy come, easy go*. Intombi kwakumele ihlale ngentombi kanti nensizwa ibunake ubunsizwa bayo. Insizwa kwakufanele nayo iziqhenye iyilandele ngesineke intombi. Hha zazikhona izinsizwa ezingamasoka azazihlula izintombi ubuthaphuthaphu, ubone ngamaduku esephephezela ekhaya lazo, kuqhume umkikizo zibongelwa ngokuhlabana kwazo. Intombi- ke yona kwakumele iqinisekise ukuthi ngampela leyo nsizwa yayingadlali. Yingakho kwakubalulekile ukuba ilinde ingasheshi ilukhiphe ucu (ukuqoma). Yayiba nesithunzi nokuhlonipheka intombi ekwazi ukuziphatha kahle ilinde ngesizotha. Intombi eyayiwuthathekile, engabambeleli esokeni elilodwa, yayingaxoxwa nje indaba yayo ngoba yayiba yichilo. Kwakuba yigugu ngisho kuyise wentombi ukwazi ngobuqotho bendodakazi yakhe. Namuhla izinto sezenzeka ngenye indlela. Ihlazo yinto engasaziwa ezintombini, sekulula ukuqoma nokwala insizwa esikhathini esifushane. Lokhu kuyakhela igama elibi nasendaweni intombi.

**3** Ziningi izinkubela zothando esikhathini sanamuhla. Imbangela yikho ukwehluleka ukulinda. Iningi lingena ebudlelwaneni lingazinikezanga isikhathi esanele. Phela ayisekho imifula namahlathi lapho izinsizwa zazishelela khona njengakudala. Izinsizwa zamanje azisabazi ubumnandi bokuqonywa, zigiye kuqhume umkikizo. Zashonaphi leziya zintombi ezazivuka **kusempondozankomo**, zibhule amazolo zihaye ingoma. Ezanamuhla izinsizwa zishela zisendlini, zizibukela umabonakude futhi ziqhiyeme kusofa. Ingani omakhalekhukhwini sebayenza impilo yalula, ithi intombi ihlezi noyise nonina bethi bayigadile kanti iyacofa umakhalekhwini iyaqoma. Yona izixoxela nomfana mumbe, uyithembisa izulu nomhlaba. Ithi ingane kade izimisele ngesikole igcine seyididekile. Ihlule konke okuyimizamo yabazali yokuyivikela. Abanye baze baqome ngisho abantu abangakaze bababone ngisho ngobuso. Lokhu Kubeka impilo yabo engcupheni. Yingakho **sekuyinsakavukela umchilo wesidwaba** ukubona nokuzwa ngezigigaba ezahlukene zokuhlukunyezwa kwabesifazane egameni lothando. Baqoma noma baqonywa bengazananga kahle. Uthando luyinto enhle, esinga ukuphathwa ngobunono bekati. Uthando luyamhlonipha umuntu oluhloniphayo. Luyisibusiso esivela kuMdali okwafakazelwa ngokunikela ngendodana yakhe ezelwe yodwa, ukuqinisekisa uthando athanda ngalo abantu. Yingakho neNcwadi eNgcwele ikubeka ingahlonizi ithi ‘uthando aluzifuneli okwalo, luyabekezela futhi lumnene’. Uma umu umthanda ngokweqiniso, wenza konke okusemandleni ukumphatha kahle.Umvikele yena kanye nesithunzi sakhe. Esikhathini sanamuhla uthando baluphambanisa nezinkanuko zesikhashana. Yikho lokhu okuza nemiphumela ebuhlungu abantu sebekhala, betinyelwe yilokhu abebekubiza ngothando.

**4** Luhle uthando lomzali nomntwana. Ingani umntwana ungumphumela wothando Lwabantu ababili, ababethembisana usofa silahlane. Indaba yonakala lapho umntwana esephenduka umthwalo womzali oyedwa. Lo mntwana kwakuvunyelwane ngaye akazicelelanga ukuzalwa. Luthi lungaphela uthando kuze kufinyelele enganeni engone lutho. Umbuzo omkhulu uthi olunjani lolu thando olukhanda izinkedama nemihambima. Ukuzala ingane nindawonye kuza nemisebenzi okumele niyilandele nobabili njengabazali. Umsebenzi omkhulu owokukhulisa umntwana aze abe mdala akwazi ukuzimela. Okwenziwa yilaba abadlala ngothando ukuletha umphefumulo ongenamnakekeli emhlabeni. Kuyomsiza ngani umzali ukuletha umuntu ozophenduka abe ngumthwalo nenkinga yomphakath? Asilusebenzise ngendlela lolu thando.

1.1.1 Yini efiswa ngumuntu wonke ngokwale ndaba? (1)

1.1.2 Isuke injani into uma kuthiwa 'iyintandokazi'? (1)

1.1.3 Yini lena okwakukholelwa kuyo emandulo ngentombi? (1)

1.1.4 Lichaza ukuthini ibinzana lamagama elisesigabeni sokuqala elithi, **Babuya belambatha.** Khetha impendulo kozinikeziwe ngezansi.

A Ukuthola okuthile

B Ukubuya ungaphethe lutho

C Ukungacingi nhlobo (2)

1.1.5 Sichaza ukuthini isaga esisesigabeni sesithathu esithi: **sekuyinsakavukela umchilo wesidwaba** (2)

1.1.6 Amazwi asesigabeni sokuqala athi: **intombi ayidlulwa** amelekelela kanjani umuntu wesifazane ukuba azizwe ebalulekile kwezothando? (2)

1.1.7 Ukwehluleka ukulinda kwezothando kunemiphumela engemihle. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI kuphela asendabeni. (2)

1.18 Veza iminyaka eyayijwayele ukuthathwa izinsizwa zilandela intombi. (1)

1.1.9 Yikuphi ongakwenza wena uma usufuna ukungena othandweni Okwehlukile kulokhu okubalwe endabeni? Bhala OKUBILI (2)

1.10 Chaza lezi zimo zokukhuluma ngendlela ezisebenze ngayo endabeni:


1.10.1 Ukukhipha ucu (2)

1.10.2 Kusempondozankomo (2)

1.11 Shono ukuthi lesi sitatimende esingezansi singumbono noma iqiniso: Omakhalekhukhwini bayingozi kubo bonke abantwana abasafunda isikole Uma kuza kwezothando. Sekela impendulo yakho. (2)

**[20]**

1.2 Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.



1.2.1 Yikuphi okusikhombisa ukuthi le ndawo engenhla eyasemaphandleni? (2)

1.2.2 Yikuphi okungubufakazi bokuthi imfashini iyaziwa kule ndawo? (1)

1.2.3 Qhathanisa izithombe zabafana ubhale amaphuzu AMABILI afakazela ukuthi abalingani ngamazinga empilo (2)

1.2.4 Kubafana abasesithombeni yibaphi abasengcupheni yokulimala Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA (1)

**[6]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**
**UMBUZO 2**
Funda **UMBHALO B** ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngomonakalo odalwa ukuhamba/ ukunqamuka kukagesi
**IMIYALELO:**

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/ angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu, bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO B (Ofundwayo)**

**SAHLALA EBUMNYAMENI**

Ukuhamba njalo kukagesi eNingizimu Afrika sekuphenduke kwaba yingxenye yempilo kubantu bakhona. Ukuhamba kukagesi kwenza impilo ingaqhubeki njengenjwayelo. Kuba nobunzima obubhekana nabantu ngesikhathi sobumnyama.
Abantu babolelwa ukudla emafrijini lokhu kudalwa ukuthi ukudla okuningi okusetshenziswa esikhathini samanje sekwagcinwa emafrijini. Imizi eminigi isathembele kugesi osabalaliswa ngu-Eskom isembalwa imizi eseyazifakela ama-*solar*.

Impilo iyama uma ekhaya kungadliwe ngoba akukho okwenzekayo abantu belambile. Izingane ziyalamba. Ukuhamba kukagesi kuza nenkinga yokulahlekelwa inzuzo enkulu kosomabhizinisi abaningi. Uma ugesi ungekho imikhiqizo eminingi iyaphazamiseka ezimbonini. Ukushaya ngolonwabu komkhiqizo kunciphisela abasebenzi amohora abawasebenzayo lokhu bese kubehlisela imihlomulo yabo.

Ukuhamba kukagesi kubanga inkinga nasezikhungweni zikahulumeni. Izinto eziningi sezenziwa ngobuxhakaxhaka besimanje obudinga amandla kagesi. Ukuhamba kukagesi kubambezela ukulethwa kwezidingo zomphakathi. Izithuthi ezisetshenziswa ngabantu zisebenza kanzima zifike emuva kwesikhathi ngenxa yesiminyaminya kwazise amalambu omgwaqo asuke ecimile.

Ukuhamba kukagesi kudala umonakalo nasohlangothini lwezokuphepha. Amakhaya amaningi angenelwa yizinswelaboya ngoba kusuke kumnyama. Ukuhamba kukagesi kwenza nezikole zizibhale kanzima izivivinyo ikakhulukazi ngesikhathi sokubhalela ukuhlola kokuphela konyaka kukamatikuletsheni.

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**
**UMBUZO 3**

3.1 Fundisisa UMBHALO C bese uphendula imibuzo ezolandela.
**UMBHALO C (Ofundwayo)**

# UMCIMBI WAMASIKO OMDABU

## Imvunulo, amahubo, izimbongi nokunye okuningi

**Indlebe ayiphathelwana. Woza uzozibonela, uzizwele ngawakho. Imbila yaswela umsila ngokuyalezela.**

**Indawo: KwaNdengezi Stadium**

**Usuku: 24 kuLwezi 2022**

## Ukungena: Mahhala! Mahhala! Mahhala!

## Kuyobe kuhlangene izikole ezahlukene zaKwaNdengezi namaphethelo, ziqhudelana emikhakheni eyahlukene ephathelene namasiko.

## Indikimba yomcimbi: Azibuye emasisweni.

**Nazi izikole eziyobe ziqhudelana ukubala ezimbalwa nje: iMandlezizwe, iMophela, iNdukuyabasha, iPhezukomkhono, iNdlelayabasha kanye nezinye.**

**Zonke zisho ngazwi linye zithi azibuye emasisweni kule mikhakha: (i) indlamu (ii) ukubukisa ngemvunule (iii) ukuhaya amahubo nezinkondlo**

## Ngingabala ngithini? Woza mzali! Woza dadewethu! Wozamfowethu!

[Sicashunwe kwiSolezwe]

3.1.1 Yini ekhangiswa kulesi sikhangiso? (1)

3.1.2 Lesi sikhangisi siqondiswe kobani? (1)

3.1.3 Ukukhethwa kwamagama athi, 'azibuye emasisweni' kuhambisana kanjani nokugqugquzelwa yilesi sikhangiso? (2)

3.1.4 Bhala isu elilodwa elisetshenziswe ngumbhali ukuheha abantu. (1)

3.1.5 Akuzona ezakwaNdengezi kuphela izikole ezingenele umncintiswano. Uyavuma noma uyaphika? Sekela ngokucaphuna esikhangisweni (2)

3.1.6 Kungani ifonti esetshenzisiwe kulesi sikhangiso ingalingani? (1)

3.1.7 Amagama athi, 'indlebe ayiphathelwana' ahlose ukudlulisa mlayezo muni ngalesi sikhangiso? (2)

**[10]**

**UMBUZO 4**

Bhekisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela

**Bbe sekzomele u ede imali yobisi usencela kakhulu namanje uyancela**



4.1 Ukwenza kwekati kuchaza ini ngempilo yabantu abangosomathuba? (2)

4.2 Umbhalo othi, **'usencela kakhulu namanje'** ukhombisa ukunganaki kanye nobudedengu. Uyavuma noma uyaphika? Sekela impendulo yakho. (2)

4.3 Ingane yalona wesifazane ibulawa yindlala. Yiqiniso noma ngumbono? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa esithombeni. (2)

4.4 Igama elithi. '**Bbe**' lisitshela ukuthini ngobudlelwane babazali bomntwana? (1)

4.4 Ubaba wengane uyayondla ingane. Yikuphi okugcizelela lo mbono uma ubhekisisa amazwi owesifazane. (2)

4.5 Lungisa okonakele kulo musho:

Bbe sekzomele u ede imali yobisi. (1)

**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UNksz.** Ndlovu wavele wathi bonke labo ababhimbile abebekikiliga njengenkukhu ekhwayeni ngeke besaqhubeka nokucula. Inhliziyo kaNokuzola yaba buhlungu kakhulu futhi wazizwa ephoxekile. Wayengeke esakwazi ukuba yingxenye yale **khwaya**. Wezwakala unina esethi**, nxese mtanami kuzolunga** Njalo **ngezimpelasonto esikoleni** sakhe kwakuba **nemincintiswano** yamakhwaya. Wajabula kakhulu uBonisiwe ongomunye welunga lekhwaya uma ezwa kuthiwa uzonyuselwa esikhundleni sokuba umsizi wabaqeqeshi bamazwi. Wezwakala ethi, **'ngcingci** ngadla mina kababa'. Lokhu kwenza uBonisiwe ahlabane ngethuba lokuphatha iselula yokuxhumanisa amalunga ekhwaya.

5.1.1 Bhala igama eligcwele ngesifinyezo esikulesi siqeshana (1)

5.1.2 Shono ukuthi hlobo luni lwebizo leli eligqamile emshweni ongezansi:
Wonke umuntu wayethanda **ikhwaya.** (1)

5.1.3 Tomula isandiso sendawo esiqeshaneni uzakhele ngaso umusho. (2)

5.1.4 Hlanganisa lo musho ngesihlanganiso esinembayo wakhe umusho ombaxa
UNokuzola uyawuthanda umculo. UNokuzola uyabhimba. (2)

5.1.5 Shono ukuthi isakhi esigqamile kulo musho sikuyiphi inkathi yesenzo
U**zo**nyuselwa esikhundleni sokuba umsizi wabaqeqeshi. (1)

5.1.6 Yisho ukuthi yimiphi imizwa edluliswa yilama binza agqamile:

5.1.6.1 **Ngcingci** ngadla mina kababa
5.1.6.2 **Nxese** bandla kuzolunga

5.1.7 Bhala igama elimqondofana nelithi: **'umncintiswano'** (2)

5.1.8 Shono uhlobo lwesifengqo esitholakala kulo musho ongezansi.
Bonke laba ababhimbile abebekikiliga njengenkukhu. Khetha kulezi:

A Isifaniso
B Ihaba
C Isenzasamuntu (2)

5.2 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela

Ngenkathi uNokwanda eshadela kwaDlamini njengomlobokozi kwakulindeleke ukuba aziphathe ngendlela ethile. **Umuzi** aganele kuwo wawuhlonipheke kakhulu. Phakathi kokunye ukugwema ukubiza amagama athile ahloniphe abathile kulo muzi. Wayesebenzisa elithi **amaqaphelo** uma egwema ukubiza ubabezala. **Inyanga** yakulo muzi aganele kuyo yayibayalile ukuthi bangalokothi bakhohlwe ukubethela uma sekuzoduma izulu ehlobo. UNokwanda wayezoqeda iminyaka **ewu-10** eganele lapha kwaSibalukhulu. **Umtholapilo** ayewusebenzisa wawuseduzane kakhulu nomuzi aganele kuwo. Wazala umfana **omkhulu** omude.

5.2.1 Yakha umusho ngegama '**umuzi**' usuliguqulile laba sebuningini (2)

5.2.2 Bhala igama elifanele esikhundleni saleli lokuhlonipha '**amaqaphelo**' (1)

5.2.3 Yakha umusho ngegama **'inyanga'** kuvele umqondo owehlukile kunalo osesiqeshini (2)

5.2.4 Lungisa iphutha kulo musho:
UNokwanda wayesezoqeda iminyaka ewu-10 eganele kwaSibalukhulu. (2)

5.2.5 Hlobo luni lwebizo **'umtholampilo'**? (1)

5.2.6 Shono uhlobo lwesichasiso kulo musho:
Wazala umfana **omkhulu**. (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**